Isifundo 13

**June 17–23*

Izindikimba Ezinkulu Ku-1 no 2 Petro

ISabatha Emini

Kuleliviki Funda:

Isa. 53:5, 6, 9; Lev. 16:16–19; Lev. 11:44; Rom. 13:1–7; 1 Kor. 14:40; 2 Tim. 3:16.

Indimana Yekhanda:

“Yena wathwala izono zethu emzimbeni wakhe esiphambanweni, ukuze, sikhululekile esonweni, siphilele ukulunga; ngamanxeba akhe niphulukisiwe” (1 Petro 2:24, NRSV).

UPetro Wokuqala noWesibili babhalwe ngenhloso ephathekayo. Ku-1 Petro, udaba olukhulu abhekene nalo uPetro ngelokushushiswa amakKristu ayebhekene nako. Ku-2 Petro, udaba olukhulu ngolwabafundisi bamanga. UPetro wabhala ngokuqinile nangegunya lapho efuna ukukhuthaza abafundi futhi abaxwayise mayelana nezinselele eziphambi kwabo. Okubalulekile ngukuthi uPetro uphendula zombili lezizinto ngamazwi emfundiso yizibhalo. Ukuhlupheka okudalwe yizintshushiso kwaholela uPetro ukuba azindle ngokuhlupheka nokufa kukaKristu, okwaba nomphumela wokusindiswa kwethu. Abafundisi bamanga babezobhekana neqiniso lokwahlulelwa, okuzokwenzeka ngemuva kokubuya kukaJesu emhlabeni. Lezi ngezinye zezindikimba uPetro abhekana nazo kulezizincwadi zakhe ezimbili. Lesisifundo seviki lokugcina sizobheka kabanzi izindikimba ezinhlanu uPetro abhale ngazo: ukuhlupheka kukaJesu okwaholela ekusindisweni kwethu; impendulo yethu ephathekayo elwazini lokuthi uNkulunkulu uzokwehlulela izenzo ekwahluleleni Kokugcina; ithemba esinalo Ekubuyeni masinyane kukaJesu; ukuhleleka emphakathini nasebandleni; kanye nendima yeZibhalo ekuqondiseni izimpilo zethu.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-June 24.*

Ukuhlupheka, UJesu, no Sindiso

Funda izindimana ezilandelayo, futhi uqaphele okwembulwa yizo ngosindiso:

1 Pet. 1:2 _____

1 Pet. 1:8, 9 _____

1 Pet. 1:18, 19 _____

1 Pet. 2:22–25 _____

1 Pet. 3:18 _____

Uma uPetro ekhuluma ngosindiso, kuvame ukuba kwingqikithi yokuhlupheka kukaJesu esikhundleni sezoni. Ngekwesibonelo, ku-1 Petro 2:22-24, lapho uPetro ebhala ngokuhlupheka kukaJesu, usebenzisa ulimi olukhumbuza ngoIsaya 53:5, 6, 9. "[UJesu] wathwala izono zethu emzimbeni Wakhe" esiphambanweni futhi, "ngemivimbo yakhe naphulukiswa" (1 Pet. 2:24, NKJV), kwembula umqondo wokuthatha indawo yothile kanye nomhlatshelo.

Kwimihlatshelo eminingi echazwe eBhayibhelini lesiHeberu, izoni zaziletha Iminikelo yazo ethempelini futhi zibeka izandla zazo phezu kwayo. Lesisenzo sasiphawula ukudlulisela isono sisuka kwisoni siye esilwaneni, esifa esikhundlesi sesoni (Lev. 4:29, 30, 33, 34; 14:10-13). Ukungcola kwesono esasanda kwialtare kwakususwa ngosuku Lokubuyisana ILev. 16:16-19).

Igazi lomhlatshelo lalidlala indima ebalulekile ekuxolelweni kwesono. AmaKristu athengwe ngegazi eliyigugu likaJesu (1 Pet. 1:18, 19). UPawule, naye, ubeka umqondo ofanayo wokuthatha indawo yothile: uJesu, owayengasazi isono, waba yisono ngexa yethu (2 Kor. 5:21). Njengoba u-1 Petro 3:18 esho, uKristu wahluphekela izono zethu, olungile (uJesu) endaweni yabangalungile (thina)

NjengoPawule (Rom. 3:21, 22), uPetro ugcizelela isidingo sokholo. Njengoba esho kubafundi bakhe: "Nakuba ningambonanga, niyamthanda . . . ngoba namukela umphumela wokholo lwenu, ukusindiswa kwemiphefumulo yenu" (1 Pet. 1:8, 9, NRSV). Usindiso aluzuzwa ngokuziphatha kahle, kodwa lunikezwa lapho sikholwa kulokho uJesu asenzele kona futhi simamukele njengoMsindisi wethu. Isiqiniseko sethu sitholakala Kuye, hhayi kithina. Uma bekukithina, yisiphi isiqiniseko ebesizoba naso na?

Kungani uJesu, njengothathe indawo yakho, eyiThemba Elikhulu losindiso na? Iyiphi induduzo ongayithola kuleliqiniso elimangalisayo na?

Kumele Siphile Kanjani Na?

Indikimba uPetro abuyela kuyo izikhathi eziningi yileyo eqhamuka kumbuzo awubuze ku-2 Petro 3:11: “Njengoba zonke lezizinto zizoncibilika ngalendlela, kumele nibe ngabantu abanjani ekuphileni izimpilo zobungcwele nobunkulunkulu na?” (NRSV).

Funda izindimana ezilandelayo. Uthini uPetro ngokuziphatha kobuKristu na? 1 Pet. 1:15–17, 22; 1 Pet. 2:1; 1 Pet. 3:8, 9; 1 Pet. 4:7–11; 2 Pet. 3:11.

UPetro ubuka ukuziphatha kobuKristu ezindaweni eziningi ezincwadini zakhe ezimbili, futhi izindikimba eziningi zilokhu ziphinda-phinda. Okokuqala, kabili uPetro ugcizelela ukuxhumana phakathi kokwahlulela kukaNkulunkulu nokuziphatha kobuKristu (1 Pet. 1:17 no-2 Pet. 3:11). UNkulunkulu uzokwahlulela zonke izenzo zabantu. Ngalokho-ke, umKristu kumele aphile impilo yobungcwele. Okwesibili, izikhathi eziningana uPetro ukhuluma ngokuthi amaKrsitu kumele abengcwele. EBhayibhelini lesiHeberu, izinto ezingcwele zibekelwa eceleni ukusetshenziswa ethempelini (Eksod. 26:34; 28:36; 29:6, 37) noma ngezinhloso zikaNkulunkulu (ngokwesibonelo, iSabatha kuGenesisi 2:3). Empeleni, icebo likaNkulunkulu kwakungelokuthi abantu Bakhe babengcwele, njengoba Naye Engcwele, Indikimba uPetro akhuluma ngayo, futhi (Lev. 11:44; 19:2; 1 Pet. 1:15, 16). Uhlelo lokubeka okuthile eceleni njengokungcwele lubizwa “ngokungcwalisa,” futhi isifiso sikaPetro ngesokuthi abafundi bakhe bangcwaliswe ngoMoya futhi balalele uJesu (1 Pet. 1:2). Okwesithathu, uPetro unikeze izinto eziphathekayo mayelana nokuziphatha okufanelekile kulabo abangcwalisiwe. Kumele basuse kube ubuqili, inhlamba, ukungathembeki, umhawu, nokuhleba (1 Pet. 2:1). Kumele babemunye kumoya, bathandane, futhi babe nomqondo othobekile (1 Pet 3:8, 9). Kumele babenokulunga, nobunkulunkulu, kanye nothando (2 Pet. 1:5-7) nembala, kumele bagcine uthando njalo (1 Pet. 4:7-11). Ekugcineni, uPetro ukhuthaza abalaleli bakhe ukuba baphonse konke ukukhathazeka kwabo kuJesu (1 Pet. 5:7).

Singafunda kanjani ukukhuthazana ngezindlela ezingahluleli, ukuba siphile ngendlela uPetro asibizela kuyo ezincwadini zakhe na?

Ithemba Ekuzeni Kwesibili

Funda izindimana ezilandelayo, futhi uqaphele lokho okushiwo ngezigameko ezizayo:

1 Pet. 1:4 _____

1 Pet. 1:17 _____

1 Pet. 4:5, 6 _____

1 Pet. 4:17 _____

2 Pet. 3:1–10 _____

Ezinye zezinto ezibucayi ezazibhekana nalabo ababeqala ukufunda nokulalela u-1 Petro kwakungukushushiswa. UPetro ududuza abafundi bakhe ngomcabango wokuthi, nakuba izimpilo zabo zithikamezwa yizintshushiso, Kukhona umvuzo ozayo obalindele Ezulwini, umvuzo ongeke wathathwa kubo. Kusukela ekuqaleni ku-1 Petro, ubalula ukuthi amaKristu anefa elingabhubhiyo abalagcinelwe Ezulwini (1 Pet. 1:4).

UPetro ugqamisa izinto ezimbili ezizokwenzeka kusasa: ukwahlulela Kokugcina kanye ngokubhujiswa kobubi ngomlilo. Ngamanye amazwi, ubonisa ukuthi nakuba Kukhona izintshushiso manje, ukulunga nokwahlulela kuzokwenzeka, futhi amakholwa azozuza umvuzo waphakade. UPetro abalula ukwahlulela izikhathi Ezintathu ezahlukene (1 Pet. 1:17; 4:5, 6, 17). Uthi uNkulunkulu uYise wehlulela sonke isintu ngokungakhethi ngokwezenzo zabo (1 Pet. 1:17). Uphawula ukuthi uJesu ngokwakhe umi elungele ukwahlulela abaphilayo kanye nabafileyo (1 Pet 4:5). Uphinde aphawule ukuthi ukwahlulela kuqala endlini kaNkulunkulu (1 Pet. 4:7).

UPetro uphinde agcizelele ukuthi "ababi" bazobhujiswa ngomlilo (1 Pet. 3:7). UPetro uchitha isikhathi ekhuluma ngezinkinga ezazivuka mayelana nokuthi uJesu uyabuya ngempela yini (2 Pet. 3:1-10). Uveza ukuthi "ukulibala" kokuza kukaJesu kwesibili kuvumela abantu ukuba baphenduke basindiswe. Uphinde aphawule ukuthi ukuqiniseka kokuphendula kumele kwenze wonke umuntu afune Ukuphila impilo Engcwele nengenasici. Ngalokho, nakuba uPetro egxile kangakanani kokwenzeka manje ngokokuphila kobuKristu, ulokhu egcina phambi kwabafundi bakhe ithemba elizayo elibalindele. Kafushane, noma ngabe izimo zinjani okwamanje, kudingeka baphokophele phambili ngokholo nangokulalela.

Kungani, futhi, kumele wena uphokophele phambili ngokholo nangokulalela, noma ngabe izimo zakho zinjani na? Yikuphi okunye ongakwenza na?

Ukuhleleka Emphakathini Nasebandleni

Funda izahluko ezilandelayo. Uthini uPetro kulezizindimana mayelana nokubaluleka kobuholi bukahulumeni kanye nobebandla, kanye nangendlela amaKristu okumele abhekane ngayo nako kokubili na? Lamazwi kumele asebenze kanjani ezimweni zethu namuhla, noma yikuphi lapho siphila khona na?

1 Pet. 2:11–21 _____

_____

_____

1 Pet. 5:1–5 _____

_____

_____

UPetro wayephile ngesikhathi amaKristu ayevame ukushushiswa nguhulumeni kanye nabaphathi bezenkolo. Lokhu kwenza konke yena noPawule abakushoyo kubaluleke kakhulu mayelana nendima efanelekile yabaphathi bakahulumeni (1 Pet. 2:13-17, Rom. 13:1-7). KuPetro noPawule, abaphathi bakahulumeni babekwe nguNkulunkulu ngoKwakhe ukuba besebenze ukubheka labo abenza okubi. Nembala, kubakhona izikhathi lapho amandla abusayo eba yinkinga. AmaKristu ayebhekana nalokhu ngesikhathi sikaPetro, futhi kwakuzoba kubi kakhulu iminyaka eminingi. Kodwa, ngokujwalekile, umqondo ngukuthi uhulumeni olungile wawuzovikela Umthetho nokuhleleka kanye nokuphepha. Nanamuhla Kukhona izibonelo lapho Umthetho nokuhleleka kungekho, futhi othile uyazibonela isidingo sikahulumeni onengqondo. Kuyiqiniso; uhulumeni olungile ungezinye zezibusiso zikaNkulunkulu azinika isintu. Akungabazeki ukuthi uPetro wayezovumelana noPawule ngokuthi ubuholi obulungile bebandla nabo busemqoka. UPawule uyaphikelela, "Zonke izinto mazenziwe ngobunono kanye nangokuhleleka" (1 Kor. 14:40), ekukhonzeni ebandleni. Ngokunjalo noPetro unxusa abaholi bebandla ukuba "banakekele umhlambi kaNkulunkulu eniphathiswe wona" (1 Pet. 5:2, NRSV). Lokhu kumele bakwenze ngokuzithoba nangokunakekela. Amabandla adinga ukuholwa kahle. Abaholi abalungile banikeza umbono kanye nokubumbana, futhi benza abanye bakwazi ukusebenzisa izipho zabo zikamoya ukudumisa uNkulunkulu.

U-1 Petro 5:5 uthi kumele wembathe ukuthobeka komunye nomunye. Singafunda kanjani ukukwenza lokho na? Yini ongayenza, wena, ukusebenzisa lokhu ekuxhumaneni nabanye na?

Ukubasemqoka KweZibhalo

Funda izahluko ezilandelayo. Zithini mayelana neBhayibheli okungasisiza ukuba siqonde namuhla ukuthi indima yalo kumele kube Iyiphi ezimpilweni zethu nokholo na?

1 Pet. 1:10–12 _____

2 Pet. 1:16–20 _____

2 Pet. 3:2 _____

2 Pet. 3:16 _____

Encwadini yakhe yesibili, uPetro unqwamana nothisha bamanga. Ubhekisa abafundi bakhe kwimithombo emibili yegunya uma ethi, “Kumele nikhumbule amazwi ashunyayelwa ngokudlule ngabaprofethi abangcwele, kanye nomyalelo weNkosi noMsindisi owakhulunywa ngapostoli benu” (2 Pet. 3:2, NRSV). Namuhla sinemithombo yamazwi “Abaprofethi abangcwele”—okungukuthi, iTestamente Elidala. Abapostoli abaphilayo abasekho, nembala, kodwa ngokomqondo othile sinokungcono: ubufakazi babo obuphefumulelwe, Njengalokhu kubonakala KwiTestamente Elisha. UMathewu, Marko, Luka, noJohane basishiye nendaba eqondile yempilo kaJesu, ukufa, kanye nokuvuka. KwiZenzo zabapostoli, sinombiko wezenzo zabapostoli. Futhi nembala Singafunda amazwi aphefumulelwe abapostoli. UPawule ubhala ngokuqinile mayelana negunya Lezwi likaNkulunkulu (2 Tim 3:16). UPetro ubhekisa abafundi bakhe Ezibhalweni njengomthombo wemfundiso kanye nengunya lokuziphatha kahle.

Ku-2 Petro, uPetro uxwayisa abafundi bakhe kanye nabalaleli ngokuthi nakuba Izibhalo zingumthombo weqiniso, ngaphandle kokuqikelela umbiko uMoya oNgcwele ongafuna siwuqonde, Umthombo ngokwawo ungeqondwe kahle, futhi lokhu kungaba nemiphumela emibi kakhulu. Amazwi akhe kumele abe yisikhumbuzo esihle mayelana nezimiso zokufunda iBhayibheli. Kumele sifunde isahluko seMibhalo ngokukhuleka. Kumele silifunde Ngokwengqikithi yesahluko, Incwadi kanye nalo lonke iBhayibheli. Yini umbhali ayekhuluma ngayo ngenkathi ebhala na? Kumele silifunde ngokwezimo zomlando obhalwe kuzo. (Ngokuka-1 no-2 Petro, lokhu kuyoba nguMbuso wamaRoma kwikhulunyaka lokuqala.) Kumele silifunde sifuna ukubona kwezikamoya kanye nangolwazi lokuthi usindiso okwaletha ukufa kokuzinikela kukaKristu kungumongo wombiko weBhayibheli (1 Pet. 1:10-12). Ekugcineni, kumele silifunde kwingqikithi yezimpilo zethu. Yiliphi iqiniso uNkulunkulu afisa silamukele na? Singalisebenzisa kanjani Izwi Elilotshiwe ezimpilweni zethu ngendlela ezoba nomthelela omuhle embusweni kaNkulunkulu na?

Cabanga Kabanzi:

Naphakathi kwemfundiso esindayo yezibhalo, izincwadi zikaPetro zigcizelela kakhulu impilo yobuKristu nangendlela okumele siphathane ngayo. Ngamanye amazwi, yebo, siyadinga ukulazi iqiniso njengoba linjalo kuJesu. Kodwa ngaphezu kwalokho, sidinga ukuliphila iqiniso, futhi. Ekuqaleni, sithola lamazwi amakhulu: “Njengoba nizihlanzile imiphefumulo ngokulalela iqiniso ngoMoya ngothando oluqinisekile lwabazalwane, thandanani kakhulu ngenhliziyo emhlophe” (1 Pet. 1:22, NKJV). Qaphela indlela axhumanisa ngayo ukuhlanza imiphefumulo yethu kanye nokulalela iqiniso. Iqiniso liyasiguqula, lisenze abantu abathandanayo kakhulu futhi “ngenhliziyo emhlophe.” Ukulalela, ubumsulwa benhliziyo, nothando—kokuthathu kuhlobene. Yilokhu okumele siphokophele kukho. Ungawucabanga umehluko ongaba semabandleni ethu ukuba besingalandela lomyalezo na? Cabanga obekungenzeka kubunye bebandla. “Bazalwane, ningaba nomoya kaKristu kini lapho nibuyela emakhaya nasemabandleni na? Ningashiya ukungakholwa kanye nokugxekana na? Sifinyelela ezikhathini lapho, kakhulu kunakuqala, sizodinga ukubambisana, sisebenze ngobunye. Ebunyeni kunamandla. Ekungazwaneni nokungabi munye Kukhona ubuthakathaka.”—Ellen G. White, *Selected Messages,* book 2, pp. 373, 374.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ku-2 Petro 3:12, umpostoli wabhala ukuthi kumele “sibheke futhi siphangise ukuza kosuku lweNkosi, ngalo amazulu azobhujiswa, ngomlilo, futhi izinto zincibilike ngomlilo omkhulu” (NKJV). Kusho ukuthini ukuthi kumele “siphangise” usuku LeNkosi na? Singaluphangisa kanjani usuku lweNkosi, okungukuthi, Ukuza Kwesibili na?

2. Sithi indalo “yincwadi yesibili” kaNkulunkulu. Ngeshwa, njengencwadi yokuqala kaNkulunkulu (iBhayibheli), lencwadi yesibili ingahlanekezelwa, nayo. Ngokwesibonelo, kwabaningi umyalezo wokudweba kanye nenhloso isusiwe endalweni, ubu-Darwin bathatha indawo yako. Umhlaba, siyatshelwa, awuzange uhlelwe; kunalokho, ubukeka kanjalo. Kumele-ke siyifunde futhi siyihumushe kanjani lencwadi yesibili ngendlela efanele na? Yimiphi imikhawulo yalencwadi yesibili engasifundisa ngoNkulunkulu na? Sizo luni esingalutho encwadini yokuqala olungasisiza siqonde eyesibili ngokufanele na? Kwenzekani lapho ukuhumusha kwethu indalo, Incwadi yesibili, kuphikisana nokuhumusha kwethu eyokuqala, iBhayibheli na? Ikuphi inkinga na?